NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
NOVEMBER 2020

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA II
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER II

MARKING GUIDELINES

Isikhathi: Amahora ama-2½ Amamaki ayi-100

These marking guidelines are prepared for use by examiners and sub-examiners, all of whom are required to attend a standardisation meeting to ensure that the guidelines are consistently interpreted and applied in the marking of candidates' scripts.

The IEB will not enter into any discussions or correspondence about any marking guidelines. It is acknowledged that there may be different views about some matters of emphasis or detail in the guidelines. It is also recognised that, without the benefit of attendance at a standardisation meeting, there may be different interpretations of the application of the marking guidelines.

IEB Copyright © 2020

ISIQEPHU A *ISIGCINO NGESAMI* – S.G. ZULU

UMBUZO 1

1.1 Phendula ngo **YEBO** noma **CHA**.

1.1.1 Yebo (½)

1.1.2 Yebo (½)

1.1.3 Cha (½)

1.1.4 Cha (½)

1.2 Wayezididisa ngoba wayengafuni uThoko ashade noSifiso engakayikhokhi imali yesivumelwano sabo, wayengathandi uhlobo lwabantu abafana noSifiso. Wayefuna ukwenza isiqiniseko sokuthi ngakubo kaMaNdlela abukho yini ubuhlobo nabakwaMahlase. (1)

1.3 Ukuthi uma uThoko eqeda eNyuvesi **uzosebenza iminyaka emibili**, **abe yiphoyisa**, ukuze akwazi **ukukhokhela uMshengu imali yokumfundisa njengesivumelwano** ngaphambi kokuthi ashade (pg. 1, 3, 10). (2)

1.4 Ukuthi ungumuntu omhlophe, inkawu, isishaywa. Akafani nabo ngebala, akamnyama. Okunye ukuthi uphazamisa isivumelwano asenza noThoko sokukhokha imali amfundisa ngayo (pg. 9)/ufuna ukushada nendodakazi yakhe yena engakazimiseli ukuthi ishade. (2)

1.5 Ngiyavumelana nesitatimende. Impilo inezinselelo eziningi, ngisho noma uzama kangakanani ukuyihlelela. Kulo mdlalo *ISIGCINO NGESAMI* siyabona ukuthi ukufuna ukushada kukaThoko kwagcina sekwenza uThoko noMshengu benze izinto abangazange bazicabanga empilweni yabo.

- Izenzo zikaThoko zazicacisa ngokusobala ukuthi wayezimisele ngokushada noSifiso. Kuningi akwenza ukuze akhombise ukuthi umthanda kangakanani uSifiso. Wazama ukuyoziganisa kwaMahlase, wabalekela kwababomncane uNqampu, wathatha amaphilisi, washisa imoto endala kababa wakhe eyayisegcekeni, waze wagcina ngokuncamela ukufa ngokuthi azithungele ngomlilo endlini ngenxa yothando. Umfundi uma ethanda anganaba ephuzwini ngalinye inqobo nje uma ebhale amaphuzu amathathu. (3)

- Ngenxa yokuthi uMshengu wayefuna kugcine yena. Waphikisana noThoko ngokuthi athi ngeke agane engakasebenzi abuyise imali yakhe. Walanda uThoko ngenkani kwaMahlase ngenkathi ebalekile, eyoziganisa. Wambopha ngozankosi kuhle kwesigebengu, Wamlanda kwaNqampu umfowabo, wangalalela iziyalo zikaMaNdlela, uNqampu kanye nabanye. Waxosha abakhongi noSifiso ngomkhonto. Umfundi uma ethanda anganaba ephuzwini ngalinye inqobo nje uma ebhale amaphuzu amathathu. (3)

Ulimi nohlelo (1)
Inani lamagama nokulibhala (1)
[15]

IEB Copyright © 2020

UMBUZO 2

Bhekisa kulokhu okulandelayo:

- Veza udweshu lwangaphakathi lukaMshengu.

  Udweshu lwangaphakathi olutholakala kuMshengu ukuthi wayenezinhloso ngendodakazi yakhe uThoko. Wayefundisa uThoko ukuze uma eseqedile esikoleni amkhokhele ngokuthi abe yiphoyisa asebenze iminyaka emibili, abuyise imali amfundisa ngayo. (2)

- Izenzo zikaMshengu ezaba ngumphumela walolu dweshu.

  Nakuba uThoko wayengenankinga ngokukhokhela ubaba wakhe, ayezimisele ngakho kakhulu kwakungukugana, okungenani uyise amkhokhele esesemshadweni. UMshengu wayengakuboni kuyicebo elihle lokho. Wayebona sengathi uphula isivumelwano sabo. Ngakho-ke uMshengu **wenqaba**, uThoko wayoziganisa kwaMahlase. UMshengu **wamlanda ngenkani, wambopha ngozankosi, waxosha abakhongi noSifiso ngomkhonto** njll. Zonke lezi zenzo wayezenziswa ukuthi ufuna uThoko akhokhe imali yakhe kuqala, njengesivumelwano futhi efuna kugcine yena. (3)

- Zibathinte (affect) kanjani laba balingiswa:

  uMaNdlela

  Izenzo zikaMshengu zamhlukumeza kakhulu uMaNdlela ngenxa yokuthi wayengunkosikazi kaMshengu futhi engunina kaThoko. Wayebathanda bobabili futhi efisa ukuthi bathokoze. Ngakho-ke uMaNdlela wayezama ngazo zonke izindlela ukubonisana noMshengu ukuthi adedele uThoko ashade. Esikhathini esiningi uMaNdlela wayenqaba ngisho nokusiza uMshengu emizamweni yakhe yokuvimbela uThoko ukuthi agane. Wanqaba ukumkhapha ukuya kwaMahlase ukuyolanda uThoko, wanqaba ukulanda ozankosi nomkhonto njll. UMshengu wayeze asho nokuthi umkhonto uzowufaka kuye uMaNdlela uma engamlaleli.
  Uzithola emaphakathi nendawo ezama ukumela uThoko ngokubonisa uMshengu ovele ambhokele ngolaka nganxanye uzama ukubonisa uThoko ukuthi kumele aqonde isayidi likayise angathathi ngamawala. (3)

  uNqampu

  UNqampu wafika ekhaya likaMshengu ezombonisa njengomfowabo. UMshengu wamxoshisa okwenja engafuni ukumlalela (pg. 18). Kwala ngisho uThoko esebalekele kwaNqampu, uNqampu embonisa ukuthi ingane isiqala ngisho ukuhlanya. UMshengu wathi ifulathelwe ngamadlozi ngenxa yokuthi ayilaleli (pg. 43). UNqampu wazidalela amazinyo abushelelezi kumfowabo, ngokwakhe wayecabanga ukuthi imizamo ayenzayo ilungile kodwa lokho kwadala ukuthi bangabi nakubona ngaso linye. (2)

IEB Copyright © 2020

uSifiso

USifiso wahlukumezeka kakhulu ngoba wayenqatshelwa ukuthi aganelwe nguThoko ngenxa yesivumelwano phakathi kukaThoko noyise/ngenxa yebala lakhe. Wayeze axoshwe ngomkhonto sengathi uyisigebengu. Wayehlukumezeka kakhulu ngenxa yokuthi konke okwakwenzeka phakathi kukaThoko noMshengu kwakungenxa yothando lwabo. Wayesefisa nokuziphindiselela kuMshengu (2)

uThabi

UThabi wayezama ukusekela udadewabo engakholwa izenzo zikababa wakhe. Wayebona ukuthi udadewabo umthanda ngempela lo mlisa futhi uzimisele ukumshada. Omunye umfundi angasho ukuthi naye wayecabanga ukuthi uma sekungunye ubaba wakhe ngeke yini naye amnqabele. Ukhononda kubazali bakhe ngempatho yabo uthi usezobasaba (1)

Ulimi nohlelo (1)

Inani lamagama nokulibhala (1)
[15]

UMBUZO 3

Kuzoya ngempendulo yomfundi;

Empendulweni yomfundi makucace ukuthi laba bobabili uMahlase noMshengu bazizwa kanjani ngokwenzekile kanye nokugcine kwenzeka phakathi kwemindeni.

UMahlase

UMahlase angaveza imizwa yokujabula nokukhululeka ngenxa yesinqumo esathathwa nguMshengu sokuvuma ukuthi uThoko noSifiso bashade ekugcineni. UMahlase angabuza uMshengu ukuthi bekudalwa yini ukuthi anqabele uThoko ashade noSifiso ngisho sebemtshela ukuthi imali amfundisa ngayo bazoyikhokha/ izinkomo azisebenzisa ukumfundisa bazozikhokha (pg. 5/pg. 10). Nanokuthi bekuyini inkinga yakhe ngabantu abamhlophe ngebala (pg. 9). Ubehlushwe yini ngoba nguThoko obethandana noSifiso futhi nguyena obezogana uSifiso (pg. 40).

UMahlase angaveza nokuthi kwale ngisho noma esemncenga uMshengu ukuthi adedele izingane zishade ngoba ziyathandana (pg. 31). Angabala nokuthi inkani kaMshengu yenze ukuthi uThoko agcine esethatha nezinyathelo ezifana nokubaleka ekhaya ayoziganisa (pg. 25/26)/ waze wacabanga nokuzishadisa ngaphandle kwemvume yabazali bakhe (pg. 30). Aveze nokuthi uMshengu uze wambopha ngozankosi njengesilwane noma isigebengu ngenxa yokuthi ubefuna kugcine yena (pg. 35). Lokhu kwaphinde kwabangela uThoko ulaka wagcine esesebenzisa uphalafini ukushisa imoto yakhe engasebenzi esegcekeni (isikorokoro) (pg. 41), wabaleka wayocasha kwababomncane wakhe uNqampu kodwa uMshengu waphikelela wamlanda ngenkani.

IEB Copyright © 2020

UMshengu

UMshengu angakhombisa ukuphoxeka ngezenzo zakhe. Aveze nokuthi wayengazi ukuthi wayengenwe yini. Angaveza nokuthi kwale ngisho umkakhe emncenga kaningana (pg. 34) kanye nomfowabo uNqampu (pg. 17/ 42/43) ukuthi adedele ingane ngoba izenzo zikaThoko sezikhombisa ukungaphili ngokomqondo. Waqhubeka waqinisa ikhanda wanqaba waphetha, ngoba nje efuna kugcine yena. Angaveza nokuthi waxosha abakhongi izikhathi eziningana, ngisho nangomkhonto. Aphinde aveze ukuthi kuze kwagcina ngokuthi uThoko ancamele ukufa, azishise nendlu (pg. 45) okugcine ngokuthi kuthambise inhliziyo yakhe. Wagcine esebonile ukuthi ngempela uThoko noSifiso bayathandana. Angaphinde aveze nokuthi kuleso simo sokusha nendlu ugcine esesala nezibazi zokusha.

Angaveza injabulo yokuthi ekugcineni uSifiso noThoko sebeshadile futhi bajabulile. Aveze nokuthi uyakuthokozela ukuba nomlingani ofana noMahlase, oqotho. Angaphinde abonge uMahlase ngokungamehluleli ngakho konke osekwenzekile nokungalwisani naye ngenkathi elande uThoko kwakhe kepha wakhuluma amazwi akhayo

Bobabili bangakhuluma ngothando oluyisimanga phakathi kwezingane zabo, ngomshado owawumuhle, ngokubambisana phakathi kwemindeni ekugcineni, nanokuthi sebelindele abazukulu, kanye nokunye okunembayo.

Ingqikithi (okusendabeni = 7/okwakho = 3) (10)

Isakhiwo (isingeniso sengxoxo -½, u … -½, ukweqa imigqa -½, block format -½) (2)

Ulimi nohlelo (izivumelwano -½ isipelingi -½) (ulimi olunothile -1) (2)

Inani lamagama nokulibhala (1)
[15]

IEB Copyright © 2020

UMBUZO 4

Isingeniso

- Umfundi uzoveza umbono wakhe ngesitatimende aphinde abhekise emdlalweni. Ngiyavumelana nalesi sitatimende ngoba umsebenzi wesiko lokulobola, ukuganiselana nokuhlanganisa imindeni.
- Kepha kulo mdlalo, uMshengu wayengakuthokozele ukulotsholwa kwendodakazi yakhe ngoba efuna ukuthi isebenze iminyaka emibili ikhokhe imali yokuyifundisa njengesivumelwano. (3)

Ingqikithi

Phawula ngokungezwani phakathi kwalaba balingiswa:

UMshengu noThoko

- Kuningi okwenzeka phakathi kukaThoko nobaba wakhe emva kokuthi uThoko exoxele ubaba wakhe ngokuzolotsholwa kwakhe. Ngenxa yesivumelwano uMshengu wayengazimisele ukudedela uThoko ukuthi ayoganwa kwaMahlase.
- UThoko yena wayezimisele ngisho ukuyoziganisa. Esinye sesizathu esasikhathaza uThoko ukuthi wayengemncane futhi wayengase angalitholi elinye ithuba lokushada uma eyeka leli, agcine esengumjendevu.
- Ngakho-ke konke lokungaboni ngaso linye kwaze kwabangela uThoko ulaka wagcina engasafuni ukuhlala kubo, engasabakhulumisi kahle engasabahloniphi, engasadli ngisho nokudla. Wagcina esezonda abazali bakhe nakubo, ikakhulukazi ubaba wakhe uMshengu.
- Wazama ukuyoziganisa kwaMahlase, wabalekela kwababomncane uNqampu, wathatha amaphilisi, washisa imoto endala kababa wakhe eyayisegcekeni, waze wagcina ngokuncamela ukufa ngokuthi azithungele ngomlilo endlini.
- UMshengu wayenguzwi kaliphikiswa, efuna kugcine yena. Kwala ngisho uThoko esebaleka ekhaya kabili, okokuqala waya ukuyoziganisa kwaMahlase, okwesibili wabalekela kwababomncane uNqampu kodwa lutho ukushintsha umqondo uMshengu (pg. 32/43), wamlanda.
- Waphinde wambopha ngozankosi kuhle kwesigebengu (pg. 35). Ekuqaleni uMshengu wayenqaba ngisho ukuyobona uThoko esibhedlela (pg. 47).
- UThoko wayeseluhlaza ekhuluma ngokungahloniphi noyise.
- Zonke lezi zenzo zazixabanisa futhi zazikhulisa inzondo phakathi kukaThoko noMshengu, ngenxa yokungafuni ukulalelana nokuvumela uThoko aganwe. (5)

UMshengu noMaNdlela

- Kulo mdlalo siyabona ukuthi uMshengu akamhloniphi uMaNdlela ngendlela akhuluma ngayo naye. Kukaningana emdlalweni uMshengu engafuni ukuzwa nokulalela imibono yomkakhe uma ethi akadedele uThoko ayogana kwaMahlase ngoba akasakuthandi ukuba sekhaya. Wayeze akuveze ukuthi uThoko sengathi akasaphilile, useyahlanya ngenxa yokumenqabela ukuthi agane kwaMahlase. Nanokuthi uThoko uthe uzoyikhokha imali yakhe ngisho eseganile.

- UMshengu wayekhuluma noMaNdlela sengathi ukhuluma nengane futhi engenandaba nemibono yakhe. Wayemthuma nokuthi eyolanda ozankonsi ngisho noma wayengahambisani naleso senzo (pg. 35). Waphinde wamsabisa ukuthi umkhonto uzowufaka kuye uma engalaleli.
- UMshengu wayekucacisa kuMaNdlela ukuthi isigcino kuyoba ngesakhe. Ayikho into uMaNdlela ayengayisho eyayizomguqula umqondo.
- Nakuba uMaNdlela wayemhlonipha umyeni wakhe wayezama ukuthi ambonise ukuze adedele uThoko ukuthi ayogana.
- Wayeze asho ukuthi usekhathele ukugadana noThoko ukuze angabaleki ekhaya. Wayephinde amtshele uMshengu ukuthi akahlukane noThoko ngoba usekhulile futhi akakhohlwe ukumkhethela umsebenzi.
- Wanqaba ngenkathi uMshengu emcela ukuthi amphelezele ukuyolanda uThoko kwaMahlase (pg. 35).
- Wayengasabi ukutshela omakhelwane ngezenzo zikaMshengu futhi wayekhombisa ukukhathazeka ngokuhlukunywezwa kukaThoko. (4)

UMshengu noNqampu

- Okokuqala uNqampu wafika ekhaya likaMshengu ezozama ukubonisana nomfowabo ukuthi adedele uThoko agane.
- UMshengu wamxoshisa okwenja kwacaca ukuthi ngisho ubuhlobo lobu bungamane buphele.
- Yize uNqampu wabuya ukuzoxolisa kodwa wayesakholelwa ekutheni kumele ayeke uThoko agane njengoba esemdala futhi wanqaba ukumphelekezela ukuya kwaMahlase. UMshengu wathi ukubaleka kukaThoko kungenxa yakhe uNqampu
- Waphinda wayolanda uThoko kwaNqampu, uNqampu wazama ukuveza nokuthi ingane isize iyahlanya kodwa uMshengu akalalelanga. Kunalokho wavesane wathi uThoko ufulathelwe abaphansi ngoba akamlaleli. (2)

UMshengu noMahlase

- Ngenkathi uThoko ebalekele kwaMahlase, uMahlase wakhombisa ukuba ngubaba oqotho, wazama ukubonisa uMshengu ukuthi izingane ziyathandana, akaziyeke zigane.
- UMahlase waphinde wakhombisa ukuhlonipha uMshengu ngokuthi angamlwisi ngisho noma wayemdelela emzini wakhe.
- Waphinde wacela uThoko ukuthi ahambe noyise futhi amhloniphe. Wacela noMshengu ukuthi alucabangisise kahle lolu daba lokunqabela indodakazi yakhe igane.
- Akazange amlwisele ukuthi ucwasa umfana wakhe ngebala, umbiza ngamagama.
- Akubanga ubudlelwano bokujabulelana obungabulindela kubantu abangaba ngabalingani, uMshengu akafunanga ukwelula isandla sobuhlobo kuMahlase, wajaha ukuthatha uThoko aphume ahambe kwaMahlase. (2)

IEB Copyright © 2020

UThoko noSifiso

- USifiso noThoko babethandana futhi bobabili babefuna ukushada. USifiso wayezama ngisho ukuthumela abakhongi kodwa uMshengu abajahe ngomkhonto.
- Izenzo zikaMshengu zenza uSifiso alungabaze uthando lwabo. Kwesinye isikhathi wayeze asole ngisho uThoko ngokuba namanzi emadolweni. Wayeze amkhumbuze ukuthi yena ngeke alinde unomphela, uzovesane azithathele omunye umuntu ngoba isalukazi sakhe asiphilile sidinga umakoti ozosinakekela.
- Wayephinde akhumbuze uThoko ukuthi usekhulile uma engaganelwa kuye angase angathathwa. Ngakho-ke uSifiso yena wayefakela uThoko ingcindezi njalo (pg. 13–14) futhi wayenokumncikisela uma ethi akafuni kuthiwe ushada intanga kanina uma kungukuthi uyolinda aze aqede ukukhokha imali kaMshengu. (2)

Isiphetho

Bhala isiphetho nesifundo sitholile ngokungezwani emindenini.

- Ngenxa yokusha kukaThoko noMshengu kanye nokuthi uSifiso amthande kakhulu uThoko kunakuqala uMshengu wagcina ngokuthi avumele uThoko noSifiso bashade. Washo nokuthi uzokwamukela abakhongi aphinde ahlele namalungiselelo omshado.
- Okuhle kakhulu ukuthi isiphetho salo mdlalo kwagcina kungesihle, ngendlela izinto ezazingakhona phakathi kwamalunga emindeni kwakungaphetha ngokuthi kuphume isidumbu.
- Ziningi izifundo ezitholakalayo njengokuthi ungawabali amaqanda inkukhu ingakawachamiseli. UMshengu wayezitshelile emqondweni wakhe ukuthi umuntu ofana noSifiso akayifanele indodakazi yakhe kodwa uSifiso ugcine esekhombisa uthando oluyisimanga ngokuthi akhethe ukuqhubeka ashade noThoko ngisho noma eseshile.
- Okunye ukuthi ukubekezela kuzala impumelelo. Ngenxa yokubekezela kukaSifiso, ugcine eseshadile noThoko.
- Uthando lweqiniso. USifiso uqhubekile nokushada noThoko ngisho noma eseshile (pg. 54).
- Ukuhlonipha isivumelwano osenzile. (3)

Isakhiwo (isihloko -½ izigaba -½) (1)

Ulimi nohlelo (izivumelwano -½ isipelingi -½) (ulimi olunothile -1) (2)

Inani lamagama nokulibhala (1)

[25]

Amamaki angama-70

ISIQEPHU B UKUBHALA NOKWETHULA

UMBUZO 5

5.1 Incwadi yesicelo somsebenzi

Lapha kuzoya ngomfundi. Uma umfundi ekubhale konke okubalulekile ngalama phuzu angezansi walandela yonke imigomo yokubhala kwencwadi yesicelo somsebenzi, uyowola wonke amamaki.

Isakhiwo

- Ikheli lobhalile (½)
- Liqondile (½)
- Usuku – inyanga ngesiZulu (½)
- Isikhundla salowo obhalelwayo (½)
- Ikheli lobhalelwayo (½)
- Isihloko (½)
- Isibingelelo (½)
- Isingeniso (½)
- Umzimba (½)
- Isiphetho (½)
- Yimina ozithobayo (½)
- Ukusayina (½)
- U … (½) egameni
- Igama lobhalile (½) (7)

Ingqikithi

Lapha kuzoya ngempendulo yomfundi. Okubalulekile yilokhu okungezansi;

- Imininingwano yakho.
  Igama, isibongo, ukuzalwa, iminyaka njll. (2)

- Ukuzichaza ubuwena/ungumuntu onjani.
  Ngiyahlonipha, ngisebenza ngokuzikhandla, nginothando, nginesineke njll (2)

- Imfundo, izindawo osebenze kuzo/isipiliyoni, nezikhundla.
  Umatikuletsheni, eNyuvesi, izifundo ozenzile, iziqu onazo, imiphumela empilweni, izindawo osebenze kuzo, isipiliyoni, izikhundla obe nazo/ nokuso. (3)

- Izinhloso (intentions) zakho uma uthola lo msebenzi/ofakazi.
  Kungani udinga lo msebenzi, uzokwenzani uma ungathathwa, xhumana no…njll. (3)

Ulimi nohlelo: (izimpawu zokubhala -½ izivumelwano -½ isipelingi -½, ulimi olunothile -½) (2)

Amagama anele (½) ukubhala inani lamagama (½) (1)

[20]

IEB Copyright © 2020

ISIBONELO:

43 Njabulo rd
P. O Box 2525
Hillcrest
3 kuNtulikazi 2020

Mphathi/Mqondisi
Department of Health
P.O Box 2322
Boksburg
1124

Mnumzane/Nkosikazi G.C Makhathini

Isicelo sesikhala somsebenzi sokuba ngumphathi wamaphoyisa kazwelonke

Ngibhala le ncwadi ukucela isikhala somsebenzi njengoba bekukhangisiwe ephephandabeni iSolezwe mhla ziyi-03 kuNtulikazi 2020.

Igama lami nginguNtuthuko Sibisi, owesilisa. Ngineminyaka engu-38, ngiphile kahle. Ngokuzalwa ngingowakwaMashu. Ngiphase umatikeletsheni ngo-2006 eDlangezwa College, ngamalengiso. Ezifundweni zebanga leshumi, ngenza lezi zifundo ezilandelayo.

IsiNgisi	C	Ezempilo	B
IsiZulu	A	UMlando	B
ISayensi	B	Izibalo	A

Ngineziqu zokuba ngusayitsheni engazithola e-UCT, nginolwazi lwekhompyutha kanti futhi nginezincwadi zokushayela ezisemthethweni (code 08). Kusukela ngo-2010 kuze kube ngo-2020 bengisebenza eSiteshi wamaphoyise kwaMashu. Ngo-2014 ngakhushulelwa esikhundleni sokuba ngiphathi wesiteshi

Ngiyiphoyisa elisebenza ngokuzikhandla, elithanda abantu, ikakhulukazi umphakathi. Ngingakuthokozela ukuthola ithuba lokubangamphathi wamaphoyisa kazwelake. Le minyaka esengiyisebenzile, ngithole isiphiliyoni esiningi engicabanga ukuthi singasiza ekuthuthukiseni izinga lokubopha izigebengu. Isifiso sami ukunciphisa izigebengu eNingizimu Afrika.

Uma ufisa ukwazi kabanzi ngami ungathintana nomnumzane Ndaba ongumphathi wamaphoyisa kusifundazwe seTheku engangisebenza khona, ngaphansi kwakhe. Ikheli lakhe lithi: 63 Cascade rd, Kloof, 3610, inombolo yocingo: 031 7643679.

Ngiyethemba ukuthi isicelo sami sizokwamukeleka uma sisekhona isikhala.

Yimina Ozithobayo
NTSibisi
uMnu Ntuthuko/uNtuthuko Sibisi

IEB Copyright © 2020

NOMA

5.2 **Umbiko**

Nanka amaphuzu abalulekile ngombiko –

Isakhiwo
- Isihloko (½)
- Isingeniso (1)
- Izindlela zokuqoqa ulwazi (1)
- Okutholile ocwaningweni (½)
- Isiphetho (½)
- Iziphakamiso (½)
- Igama lobhalile (½)
- U … (½) egameni
- Ukusayina (½)
- Isikhundla salowo obhalile(½)
- (Usuku(½) – inyanga ngesiZulu esiphelele (1) (7)

Ingqikithi

Okutholile
- ukungahloniphi, Imicimbi, ezemidlalo, ubuchwepheshe, ubudlelwano, izidakamizwa … (6)
- Isiphetho (2)
- Iziphakamiso (2)

Ulimi nohlelo: (izimpawu zokubhala-½ izivumelwano -½ isipelingi-½, ulimi olunothile-½) (2)

Amagama anele (½) ukubhala inani lamagama (½) (1)

[20]

ISIBONELO

Isihloko: Umbiko ngemiphumela engemihle yabafundi baseMqhawe High
Isingeniso: Umbiko ngezimbangela zokungaziphathi kahle kwezingane zaseMqhawe High, ucelwe nguthishanhloko ngomhla ka-20 kuMbasa ku-2019.

Izindlela zokuqoqa ulwazi:

1. Ukuxoxisana nabafundi.
2. Ukuxoxisana nothisha.
3. Ukuxoxisana nabazali babafundi.
4. Ukuxoxisana namalunga omphakathi nje.
5. Ukuxoxisana nabaholi bomphakathi.
6. Ukuxoxisana nemikhandlu yabazali.
7. Ukuxoxisana nemikhandlu yabafundi.
8. Ukuxoxisana namaphoyisa endawo.

Ingqikithi (10)

Okutholakele:

1. Amanye amalunga omphakathi **anesandla ekubhebhethekiseni** ukungahloniphi kwabafundi esikole okudala nokungaphumeleli kahle ekupheleni konyaka ngoba befuna ukuqhubeka nokudayiswa kwezidakamizwa ezikoleni ukuze benze imali esheshayo.
2. Nabanye othisha banomthelela ngoba babanga izikhundla zokuphatha ezikoleni. Abanelisekile ngokuthi uMnyango wakhetha wena thishomkhulu ekuqaleni konyaka futhi abafundisi ngezikhathi zokufundisa.
3. Othisha bakhale ngokusetshenziswa kobuchwepheshe budedengu esikoleni. Okuyimbangela yokungafundi nokungalaleli ekilasini.
4. Abazali banesandla ekubhebhethekiseni ukungahloniphi ngoba bayasaba ukujezisa nokukhuza izingane zabo. Izingane zizenzela umathanda emakhaya
5. Abanye abazali bakhale ngesikhathi esiningi esichithwa yizingane zidlala ezemidlalo ngisho nangezimpelasonto imbala. Iningi lezi ngane libuya ekhaya likhathele lehluleke ngisho ukwenza umsebenzi wesikole.
6. Abaholi bomphakathi banesandla ngoba bavumela izingane zesikole zingene ezindaweni zokuzijabulisa zigcine zidla izidakamizwa zingasalaleli. Kanye nokunye okunembayo.

IEB Copyright © 2020

Ukuphetha:

Ziningi izimbangela ezidala ukungaphumeleli kahle kwabafundi baseMqhawe High kanti zibonakala zidalwa ngabafundi, abazali kanye nothisha. Kudingeka umhlangano kakhukhulela ngoqo wazo zonke izinhlaka zomphakathi ukuze kuvulelwane izifuba bese kuqhanyukwa **nezixazululo** ezingaba yikhambi elelaphayo ukuze ikusasa labafundi liqhakaze.

Iziphakamiso:

1. Othisha abayeke **ukubamba imihlangano ngasese babambisane** ukuze izingane zizothola imfundo eziyizele esikoleni.
2. Othisha abafunde ukubekezelelana nokwamukela ukwehlulwa embangweni wezikhundla zokuphatha benze umsebenzi wabo ngokuthembana
3. Abafundi **ababoniswe ngobubi nemiphumela yokungahloniphi, ukuthatha izidakamiza kanye nokwenza ubugebengu**. Mhlawumbe, uthishomkhulu angamema uKhomishina wamaphoyisa ukuze azolekelela. Okunye okungenziwa ukuthi amaphoyisa aseshe abafundi labo abatholakala benecala baboshwe.
4. Abaholi abafunde ukuhloniphana, bafunde ukubekezelelana ngoba bazokona ikusasa lezingane.

Uhlelwe ngu: D. B Zimu
D B Zimu
26 kuNhlaba 2020
[Usihlalo wesigungu sabafundi]

IEB Copyright © 2020

UMBUZO 6

UKUBHALWA KWENKOMBANDLELA

Uma umfundi ekubhale konke lokhu okubalulekile uyowola wonke amamaki.

6.1 Lapha kuzoya ngempendulo yomfundi kodwa okumele kucace yilokhu;

Ingqikithi
Umfundi uzofaka izindawo okudlulwa kuzo, amagama emigwaqo, izimpawu ezibonakalayo, amagama amabilidi kanye nencazelo ecacile. (6)

Isakhiwo: isihloko (1); usuku (1) Umfundi uthola (½) uma engabhalanga ngesiZulu usuku. (½); isikhathi (½) (2)

Ulimi nohlelo: izivumelwano (½); isipelingi (½) (1)

Amagama anele (½) ukubhala inani lamagama (½) (1)
[10]

NOMA

6.2 **Isikhangiso**

Umfundi kumele alandele yonke imigomo yokubhalwa kwesikhangiso:

Isakhiwo: Isihloko esihehayo (½) Usuku/izinsuku ngesiZulu (1) Umfundi uthola (½) uma engabhalanga ngesiZulu usuku. Isikhathi/izikhathi (½) (2)

Ingqikithi

- Umkhiqizo/imikhiqizo ekhangiswayo/edayiswayo ngalolo suku (1)
- Indawo okutholakala kuyo lomkhiqizo (½) Izinombolo zokuxhumana (½) (1)
- Okuzobe kwenzeka osukwini/okuzotholakala (2)
- Inani lomkhiqizo (½) Uma libhalwe ngamagama (1)
- Isiqubulo (1)

Ulimi nohlelo: izivumelwano (½); isipelingi (½) (1)

Amagama anele (½) ukubhala inani lamagama (½) (1)
[10]

Amamaki angama-30

Amamaki esewonke: 100

IEB Copyright © 2020